

SIYAHLAWULA SILOBOLE KWAMDLETSHE

NGIBHALA LE NCWADI
ngixhumana noKaMdletshe omncane [+27 64 776 9992],

ngimazisa ukuthi ngithumela uMkhongi ozozohlawula alobole udadewabo ozala oNokwethemba noZodwa, umkami uNtinginono kaNongqayi, uKaMdletshe. Ngimnxusa ukuthi sivumelane ukuthi uMkhongi afike eMdletsheni ngoMgqibelo, 11.04.2026.

- Uyobe uqhubé kahle kakhulu uMkhongi uma engangibuyela nethemba lokuthi abasekhweni bazimisele ukuzwa ukuthi uMkhongi ufika nini futhi esezocela ukulobola.

Ngethemba ukuthi uMkhongi uyobuya nezwi elingikhuthazayo ukuthi ngimthume masinya, ayongilobolela maduze-nje ekhweni lami eMdletsheni. Lapho-ke kungaba uMgqibelo elandelayo, **18.04.2026**, lapho, afike eqhuba okungenani ezintathu ayongilobolela ngazo.

Ngiyojabula, Msindwaze, ukuthola elivela ekhweni kulokho engikuhlongozayo ukuze **uMkhongi aqale khona namuhla-nje** azilungiselele.

